

**NguMongameli
uHenry B. Eyring**

Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



Imindeni Ingaba Ndawonye Ingunaphakade

Amandla obupristi okuhlanganisa imindeni ingunaphakade enye yeziphiso ezinkulu zikaNkulunkulu. Omunye nomunye umuntu oqondayo indlela yensindiso ufisa izibusiso ezingunaphakade. Kuphela emicimbini yokuhlanganisa eyenzeka emathempelini agcotshiwe eBandla likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku zokugcina lapho uNkulunkulu unikeza isithembiso sokuthi imindeni ingahlangana ndawonye ingunaphakade.

Izikhaye zobupristi ezenza lokhu zabuyiswa emhlabeni ngomprofethi uElijah ku Joseph Smith kwiThempeli lase Kirtland. Lezo zikhaye zobupristi zadluliselwa ngendlela engahlephukile ngabaprofethi abaphilayo kwiBandla likaJesu Kristu laBangcwele bezinsuku Zokugcina kuze kube namhlanje.

UMsindisi ngenkathi eshumayela esemhlabeni wakuhluma ngamandla wokugcoba imindeni ngamazwi kuPeter, Umpostoli omkhulu Wakhe, ngenkathi ethi, “Ngiqinisele ngithi kini, Noma yini ezohlanganiswa lapha emhlabeni izakuhlanganiswa nasezulwini: futhi ezakukhululwa emhlabeni izakukhululwa nase zulwini ” (uMatewu 18:18).

Kuphela emhlabeni wokuqala lapho esizakuhlala kanye nemindeni ingunaphakade. Lapho sizakuba imindeni phambi kobuso buka Baba wethu waseZulwini kanye noMsindisi. uMprofethi uJoseph Smith wachaza lesi sifundo esihle ngalendlela kwiMfundiso kanye Nezivumelwano.

“Ngenkathi uMsindisi ezovela sizawumbona njengoba ewuyena. Sizakumbona ukuthi ungumuntu njengathi sonke.

“Futhi lobo budlelwane obukhona phakathi kwethu lapha kuzakuba khona kithi nalapho, kuphela nje kuzakuba nenkazimulo engunaphakade, leyo nkazimulo esingayithokozeli okwamanje” (D&C 130:1-2).

Lombhalo ongcwele ubonisa ukuthi singakwazi ngenjongo yokuzithemba kwimigangatho engcwele kubudlelwano bethu phakathi kwemindeni yethu. Singakwazi ukunakekela amalungu emindeni yethu, abaphilayo kanye nabangasekho, senze konke okusemandleni ethu ukubenzela izimiso zobupristi lezo izizohlanganisa thini ezulwini.

Abaningi benu, abasebasha kanye nabasebakhulile, niyakwenza lokho. Uyewafuna amagama wamadlozi akho labo abangazange bathole izimiso lezo ezinganenza nibumbane nibemunye.

Cishe nonke ninezihlobo lezo ezingakatholi ithuba lokuhlanganiswa kanye nemindeni ngamandla obupristi. Abaningi banezihlobo eziphilayo abathole izimiso zobupristi kepha abagcini izivumelwano abazenza kanye noNkulunkulu. uNkulunkulu uzakubusisa ngokuthi wena uye wakwazi ukusiza lezo zihlobo ngokholo. iNkosi ini-keze isethembiso kwizinceku Zayo lezo eziletha abanye abantu Kuyena:

“Umuntu ozokuzwa, nami ngokunjalo ngizakuba khona, ngokuba ngizakuhamba phambi kwakho. Ngizoba ngasesandleni sakho sokudla, futhi uMoya wami uzakuba ezinhlizweni zenu, futhi izingelosi zami zizungeze nina, ukuze zinibonise nina” (DC 84:88).

Kwifastela lase hhofisini lami njalo ngibona omakoti kanye nabakhwenyana bathwebula izithombe zabo eduzane kwezimbali ezinhle futhi nemithombo yamanzi ephakamayayo. Umkhwenyana njalo uthwala umakoti wakhe ngezandla zakhe, cishe nje ngezinyathelo ezimbalwa, ngenkathi umthwebuli zithombe ethwebula izithombe zomshado. Uma njalo ngibona lokhu, ngicabanga ngabashadile engibaziyo uma sekuhamba isikhathi—ngezinye izikhathi

ezifushane nje emva kosuku lomshado—bethwala omunye nomunye ngezindlela ezahlukahlukene ngenkathi impilo iba nzima. Imisebenzi ingaphela. Izingane zizalwe ngezimo ezibucayi. Ukugula kufike. Bese-ke, umkhuba wokwenza into komunye njengoba sifisa ukuba benze nakithi—nge-sikhathi kulula—kuzasenza sibe ngamaqhawe kanye namaqhawekazi kulezozikhathi ezinzima ngenkathi kudinga okuningi lokho esikade sicabanga ukuthi sinako.

Sikweleda imindeni yethu ubudlwelwane lobo thina esingakuletha phambi kukaNkulunkulu. Kumele sizame ukugwema ukuzwisa ubuhlungu noma sivumele ukuzwa ubuhlungu. Singakhetha ukuxolela masishane futhi ngokuphelele. Singazama ukufuna injabulo yabanye ukwedlula eyethu. Singabanomusa ekukhulumeni kwethu. Njengoba sizama ukwenza konke lokhu, sizakumema uMoya oNgcwele kwimindeni yethu kanye nasezimpilweni zethu.

Isiqinisekiso kini ukuthi, ngosizo lweNkosi kanye nenhliziyo eguqukileyo, singabona kancane kulempilo yama-nje impilo leyo esiyifuna ukuyiphila ingunaphakade. uBaba waseZulwini uyasithanda. Ufuna sibuyele Kuye. UMsindisi, ngamandla Akhe eNhlawulo, enza ushintsho lwenzeke ezinhlizweni zethu lolo okumele silwenze ukuze singene emathempelini angcwele, senze izivumelwano esizokwazi ukuzigcina, futhi ngesikhathi sikwazi ukuyohlala kanye nemindeni ingunaphakade kumbuso wokuqala omkhulu—ekhaya futhi.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Njengoba uwabelana kanye nemfundiso yemindeni yangunaphakade, cabanga ngalokhu iGosa u G. Scott weKhoramu Yabapostoli Beshumi nambili: “Funa ngasosonke isikhathi ukuqinisa imindeni. Fundisa ngombono wokubaluleka kwemindeni ihlanganiswa ethempelini. . . . Uma unombono wezimiso zokuhlanganiswa kwasethempelini, uzakusiza ukwakha umbuso kaNkulunkulu emhlabeni” (“I Have Given You an Example,” *Liahona*, May 2014, 34). Ungabasiza kanjani labo obafundisayo bakhulise umbono wokubaluleka kokuhlanganiswa ethempelini. Mema labo abangakaze bahlanganiswe ukuze nixoxisane ngezinyathelo abangahle bazithathe ukuthola lesosimiso. Mema labo abake bahlanganiswa ukuze nixoxisane ngokuba bangakwazi kanjani ukugcina umbono womdeni wabo wangunaphakade futhi basebenzele ukuthuthukisa ubudlelwano babo komunye nomunye.

© 2015 ngo Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Kushicelelwe e-USA. Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14. Ukuhumusha ko *First Presidency Message*, June 2015. Zulu. 12586 783

INTSHA

Hlanganiswe noMndeni Wami Ingunaphakade

Ngu Laura Burton

Ngenkathi mina ngineminyaka emithathu, umama wami ongizalayo wavumela ukuba ukuthathwa kwami ngabazali abangikhulisayo bavume ukuba izimiso zeBandla ziqedelwe emva kokuba sengihlanganise iminyaka engu 12. Wacabanga ukuthi kwakumele ngikhule ngokwanele ukuze ngikwazi ukuzithathela isinqumo, kepha kwakunzima kakhulu ukulinda.

Yebo, kwakunzima ukubona abangane bami abanengi bebhahadiswa ngenkathi beba neminyaka eyishagalombili ubudala, kepha okwakunzima kakhulu kwaba ukuthi ngangingakwazi nokuthi ngihlanganiswe nabazali bami kanye nabomzala bami abahlanu abadala nakimi kuze kufike isikhathi ngineminyaka engu 12. Ngangisaba ukuthi kungenzeka into kimi futhi ngingasakwazi ukuba ngihlanganiswe kanye nabo.

Ngenkathi usuku lwami lweminyaka engu12 loku-zalwa lisondele, saqala salungiselela ukubhahadiswa kwami kanye nokuhlanganiswa futhi nomndeni wami. Abazali bami bathi ngikhethe ithempeli engifisa ukuyohlanganiswa khona. Ngangihlezi ngicabanga ukuthi ithempeli laseSan Diego California lalilihle kakhulu, umndeni wami wavuma ukuba sihambe ngenqola siye eCalifornia ukuyohlanganiswa.

Ngangijahile kakhulu ukuba ngiyohlanganiswa kanye nomndeni futhi nabomzala bami. Ngesikhathi sokuhlanganiswa kwami, ngezwa uMoya ongcwele onamandla kakhulu okunzima ukuchaza ngamazwi. Manje njengoba ekugcineni sengihlanganisiwe kanye nomndeni wami, esikhundleni sokukhathazeka sekunemizwa yenkululeko kanye noxolo, ukwazi ukuthi ngihlanganisiwe kanye nabo ingunaphakade.

Umbhali uhlala eUtah, USA.

IZINGANE

Ukubuka iThempeli

UMongameli uEyring uyachaza ukuba ngenxa yobupristi, sinalo ithuba lokuya ethempelini ukuyo hlanganiswa ndawonye kanye nemindeni yethu ingunaphakade. Dweba noma uthole isithombe sethempeli lakho olithandayo futhi usigcine endaweni lapho ozakusibona mihla yonke. Yenza uhla lokuba ukulungiselela kanjani ukuya ethempeli ngolunye usuku.



Ukholo, Umndeni, Inkululeko

Izibonakaliso Ezingcwele zikaJesu Kristu: Ubumsulwa

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda impilo kanye nezindima zikaMsindisi kuzokhulisa kanjani ukholo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha? Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

Lena yingxenye yiMilayezo yokuFundisa ngokuVakasha elandelanayo ephathelene nomumo woMsindisi.

Yenza ubumsulwa bujabulise imicabango yakho ngasosonke isikhathi. Bese ukuzithemba kwakho kuzakusebenza ngamandla phambi kukaNkulunkulu futhi imfundiso yobupristi izangcwelisa umphefumulo wakho njengamathonsi avela ezulwini” (D&C 121:45).

Buyini ubumsulwa? uMongameli uJames E. Faust (1920–2007) wathi: “Ubumsulwa ngomqondo ophelileyo kuqukethe konke okuyizenzo ezilungile ezisiza thina sibe yithina.”¹ uMongameli uGordon B. Hinckley (1910–2008) wangeza: “Uthando lukaNkulunkulu luyisiqalo kwakonke okumsulwa, okulungile konke, amandla wonke womuntu.”²

Kubudlwele phakathi kowesifazane kanye nosizo, iGosa D. Todd Christofferson weKhoramu labaPostoli Beshumi Nambili wathi: “Abasifazane baletha ubumsulwa obuthize lapha emhlabeni, isipho esingcwele esenza bona babe yizincwephe ekufundiseni izinto ezinjengokhohlo, isibindi, uzwelo, kanye nokuthuthuka kubudlwele kanye namasiko. . . .

“Bodade, kubobonke ubudlwele wane eninabo, kuwubudlwele wane kanye nani noNkulunkulu, uBaba wenu waseZulwini, owumthombo wamandla wokuziphatha kwenu, lokho okumele njalo nikubeke phambili ezimpilweni zenu. Khumbula ukuthi amandla kaJesu eza kumqondo wakhe wokuzimisela kwi-ntando kaBaba. . . . Zama ukuba Nomusa kwizinceku zikaBaba kanye neNdodana, futhi isifundiso sakho asisoze sashabalala.”³

Eminy eImibhalo eNgcwele

iZaga 24:3–5; AbaseFiliphini 4:8; 2 uPeter 1:3–5; uAlma 31:5; D&C 38:23–24

Kuvela embhalweni Ongcwele

Namuhla abesifazane abalungileyo, abanokhohlo oluphelele, bafuna uMsindisi. Ku Luka 8 sifunda ngowesifazane owayenenkinga yegazi iminyaka engu 12 inkinga engazange yakwazi ukuxazuleleke. Wathola usizo ngenkathi “eza emuva kuka[Kristu], wase ethinta ingubo yakhe emaphetheleni: futhi ngokuphazima kweso inkinga yegazi[yaphela]. . . . uJesu wathi, Kukhona umuntu ongithintile:

ngiyabona ukuthi ubumsulwa lobo⁴ buphumile kimi.” Lona owesifazane owayelungile enokhohlo wawela phansi eduzane Naye, ememezela “kubobonke abantu” ukuthi uyewamthinta” futhi “waphola ngalesosikhathi. Futhi wathi kuye, Ndodakazi, khululeka: ukhohlo lwakho lukwenze waphela” (bona uLuka 8:43–48; bona futhi 6:17–19).

Ngobumsulwa Bakhe,⁵ uKristu angalapha, enze, aqinise, adu- duze, futhi athokozise uma sikhetha ngokuba nesibindi kanye nokhohlo ukuba sifune Yena .

AMANOTHI

1. uJames E. Faust, “The Virtues of Righteous Daughters of God,” *Liahona*, May 2003, 108.
2. uGordon B. Hinckley, “Excerpts from Recent Addresses of President Gordon B. Hinckley,” *Ensign*, Apr. 1996, 73.
3. D. Todd Christofferson, “The Moral Force of Women,” *Liahona*, Nov. 2013, 29, 31.
4. Ubumsulwa bunamandla (bona uMarku 5:30).
5. Kumbhalo oNgcwele Okhombayo, “Ubu- pristi” buchazwa ngokuthiwa: “Kuyimvumo kanye namandla avela kuNkulunkulu anikeza umuntu owesilisa ukuba enze izinto ukuze umuntu asindiswe” (D&C 50:26–27).

Cabanga Ngalokhu

Ubumsulwa benza kanjani ukuthi sikhone futhi sibe namandla?